A Yini engahle ithikameze ukuhumusha kwethu?

- **Imibono esinayo.**
  - Imibono emayelana nomsebenzi kaMesiya yathikameza abapostoli ekuboneni uJesu ngemuva kovuko lwakhe (Luke 24:36-45). UMoya Ongcwele kwadingeka ukuba asebenze ezingcondweni zabo ukubabonisa umsebenzi wangempela kaJesu ngokweBhayibheli.
  - Nathi sinakho ukuthi singathikamezeka ngenxa yamava ethu, ulwazi kanye nemibono esinayo uma sihumusha IBhayibheli.
- **Ukuhumusha Nokucacisa**
  - IBhayibheli labhalwa ngesi Hebrew, Aramaic nangesi Greek. Uma singakwazi ukufunda lezo zilwimi ngokwanele, sidinga isihumusho.
  - Izihumusho ziqukethe izihibe ezimbili: amazwi okuqala angangabi nesihumusho esiqondile ngolwimi lwethu, nomhumushi angathikanyezwa yimibono ayenayo.
  - Zintathu izinhlobo zokuhunyushwa kweBhayibheli:
    (1) Indlela esemthethweni: Yethembekile olwimini lokuqala. Icishe isebenzise izwi nezwi. “U Jesu wathi kuye, 'Mfazi, ungena ngani kokwami na? I sikhathi sami asikafiki.'” (John 2:4 NKJV)
    (2) Indlela ehamba nesikhathi: Igcizelela okushiwo yilelozwi. Ukuhumusha izaga. “'Mame, kungani ufaka mina kulokhu?' UJesu waphendula. 'I sikhathi sami sisengakafiki.'” (John 2:4 NIV)
    (3) Indlela esebenzisa amazwi afanayo: Ichasisa umbono ngendlela yalowo mphakathi ekuwona. Inokuhumusha okuningi ukwendlula amazwi okuqala. “'Angikwazi ukukusiza manje,' ephendula. 'Kusengakabi yisikhathi sami semimangaliso.'” (John 2:4 TLB)
  - Lezi ezokugcina ezimbili kulula ukuzifunda nanoma ufuna ukuzwisisa izindima ezilula. Kodwa, zithikanyezwe yimibono, ngakho azikulungele ukufundisa. Kungangcono usebenzise isihumusho esisemthethweni kulokho.
- **IBhayibheli Nesiko-Mpilo.**
  - Ababhali beBhayibheli babephila emasikweni ehlukahlukene: Hebrew, Chaldean, Greek, Roman. Ngakho-ke, iZibhalo zabo zizwisiseka kancono uma ucabanga ngezimo ababephila kuzo.
  - Nanoma singenalwazi olubanzi ngalawo masiko, sisenakho ukulizwisisa iBhayibheli. Lichasisa izindima ezingaphezulu kunanoma yiliphi isiko, njengendalo, isono, nanokuthi kungani sidinga usindiso.
- **Isono.**
  - Singalizwisisa ngendlela engafanele iZibhalo ngenxa yokuziphakamisa, ukuzikhohlisa, ukungabaza,ukungalaleli, ukuthanda imibono engeyethu, nokunye okunjalo.
  - Ngakho-ke kumele sifunde iBhayibheli ngokholo nokuzithoba. Kumele sivumele iZibhalo zisiphendule zilungise isimilo sethu.
  - UMoya Ongcwele usebenza kithi uma simvumela. Nanoma sinesono, uyosiholela “kulo lonke iqiniso” (John 16:13)

B Kungani Ukuchasisa Kubalulekile?

- Uma sifunda futhi sihumushe iBhayibheli ngendlela engeyona, singafinyelela ezinqumeni eziyinkohliso, hhayi kuphela ekuzwisiseni usindiso kodwa kuko konke okufundiswa yiBhayibheli.
- Ukuhunyushwa kahle kweBhayibheli kuletha:
  - Ubunye emfundisweni.
  - Ubunye ekufundiseni.
  - Ubunye eBandleni.
  - Ubunye kwezovangelo.
- Siyakudinga ukufundisisa kahle iBhayibheli (hermeneutics). Kufanele sihlaziye indimana nganye ngokwendlela yesikhathi sayo, nangendlela ekufundisa ngayo ezinye izindima zeBhayibheli ngalolo daba. Ngaleyo ndlela singaqonda kancono esikitshelwa nguNkulunkulu ngeBhayibheli.